



Abaqophi BakwaZisize Abakhanyayo Children's Radio project

Umfana nembuzi yakhe / A boy with a goat

Mpumelelo, 11 years old, 2010

SFX: Goat bleating, footsteps, people talking in the background

Mpumelelo: Igama lami nginguMpumelelo ngihlala eMaranathi, abantu engihlala nabo wugogo, wusisi wami uMalibongwe, wusisi wami Senzelwe, wumzala wami, uMa, nomkhulu, noAnti, nobaba ophakathi. Ngifunda Okhayeni ngifunda ugrade 5, Ngineminyaka ewu10

Mina ngibukeka ngingazacanga, ngibukeka ngingenayo imicondo, ngibukeka ngimuhle, ngidark ngebala, ngineyinwele eyincane Abangani bami eskoleni nguScelimpilo, nguSonnyboy.

Into engiyithandayo ngithanda ukufuya izimbuzi kuphela akukho okunye engikubonayo ukuthi ngingakufuya. Imbuzi ngiyithandela ngoba ayihambi kakhulu.

Mina into engiyithandayo ngithanda ukufuya kanti into engiyinyanyayo ukuthi ungumfana ungabi nayo imbuzi kodwa ubuqoqa ekhaya kini.

Ngiyazithanda izimbuzi ngoba uma kunomsebenzi owenziwayo – ngiyazithatha, bazihlabane, bese siyadla sonke ekhaya. Nami ngiyazinakekela ngidlala nazo ikakhulukazi ezinombala omhlophe nombala omnyama.

My name is Mpumelelo. I live in Maranathi. I live with my Grandmother, my sister Malibongwe, my sister Senzelwe, and my cousin, my mother, my grandfather, my aunt and my uncle. I go to school at Okhayeni. I am in grade 5. I am 10 years old.

I am not slim, I don't have skinny legs. I am good-looking. I am dark in complexion. I have short hair. I have got a small mouth, and my friends at school are Scelimpilo and Sonnyboy.

I only like to rear goats. There's nothing else that I could imagine myself rearing. I like goats because they don't wander too much.

What I like is keeping domestic animals and what I hate is when you're a boy who minds livestock and yet you don't have a goat.

I like goats because if there is a ceremony/ritual that is being performed I bring them and they slaughter them and then we all eat meat at home. I also take care of them; I play with them, especially those that are black and white.

SFX: Goat bleating

Mpumelelo: Ngithanda ukunoxela ngembuzi yami igama layo kwakunguSthothobala, ngangiyithanda kakhulu, umbala wayo yayimnyama, isikhumba sayo

sasineboya eziningi, kodwa hayi kakhulu kodwa la ngasemathangeni zaziningi kakhulu.

Lendaba yenzeka ngesikhathi ngineminyaka emine. Kwathi ngelinye ilanga ngavakasha kwaMakhunga kaboMama. Umama nobaba basala bayidayisa imbuzi yami,

Ngabuya kaMakhunga, ngababuza bangiziba, ngababuza bangiziba, ngayobuza uAnti. Wathi uAnti bayidayisile, ngaphinda ngababuza bangiziba ngabona ukuthi bazongishaya ngathula. Lokho kwangiphatha kabi ngoba imbuzi yami bayithatha bengangazisanga.

I would like to tell you about my goat, its name was Sthothobal. I loved it very much. It was black in colour. It had a hairy skin but not too hairy, except on the thighs it was very hairy.

This story happened when I was four years old. One day I went to visit my mother's family, the Makhunga famil. My mother and father stayed at home and sold my goat.

When I came back from Makhunga family, I asked them [what happened to my goat] and they ignored me, I asked them again and they ignored me. I went to ask my aunt and my aunt told me that they sold it, I asked them again and they ignored me. I realized that they would beat me so I kept quiet. That made me feel bad because they took my goat without talking about it with me.

SFX: Sounds of dishes being washed

Mpumelelo: Mama ngicela uzichaze kabanzi ngawe
Mother I would like you to introduce yourself

Mama: Mina ngingowakaMakhunga, umama kaMpumelelo wakwaDlomo, ngihlala eMaranatha nami
I am from Makhunga family, the mother of Mpumelelo Dlomo, I live in Maranatha as well.

Mpumelelo: Mama ngicela ungichazele isizathu sokuthi imbuzi yami nayidayiselani?
Mama, would you tell me why you sold my goat?

Mama: Imbuzi yakho sayidayisa ngoba yayikade ilunywe yizinja ingasakwazi ukuzala, manje sabona ukuthi kungcono sikuyidayise bese sikuthengela enye.
We sold your goat because it had been bitten by dogs and could no longer have kids. So we decided that it was better to sell it and then buy you another one.

Mpumelelo: Yini indaba pho ningangitshelanga isizathu?
And why didn't you tell me the reason?

Mama: Ukuthi sakubona usemncane sasingaboni ukuthi mhlampe kuzoba nesidingo sokuthi sikutshela.
It's because we felt that you were still young and we didn't think that we needed to tell you.

Mpumelelo: Pho naningizibelani uma nginibuza lokho.
But then why were you ignoring me when I was asking you about – about that?

- Mama: Hayi kushukuthi asikhumbulanga ukuthi kumele sikhuchazele ngakho
Well it's just that we did not think it was important for us to explain that you
- Mpumelelo: Yini ningacelanga kimi kuqala uma nifuna ukudayisa lembuzi?
Why didn't you ask me first when you wanted to sell this goat?
- Mama: Siyaxolisa ukuthi asikuchazelanga, kodwa manje kumele ukwamukele ngoba sesiyakutshela. Usuzosixolela ngoba sakwenza lokho singakutshelanga.
We are sorry that we didn't explain it to you, but now you should accept it because we are telling you. You should forgive us for doing it without telling you.
- Mpumelelo: Ngiyabonga mama ngokungiphendula lemibuzo engikade ngikuphathele yona, noma nje kungiphathe kabi ungaka ngitsheli ngembuzi.
Omunye Umlayezo ngicela ukwazisa abantu abadala ukuthi uma bezosebenzisa izinto zethu sicela basazise bese bayayisebenzisa uba sivuma nathi, ngiyabonga
Thank you, mama, for answering the questions that I was asking you even though it makes me feel bad that you didn't tell me about the goat.
The message that I would like to give is to tell adults that when they are going to use our things they should inform us and then use them if we say they can, thank you
- Mpumelelo: Angiphathekanga kahle ngekathi abazali bami bedayisa imbuzi yami, emvakokuba uAnti esebonile ukuthi angiphathekanga kahle waphinde wangi thengela enye imbuzi. Imbuzi yami imyama inombala onsundu la, yaba nombala onsundu la maqineni
I was not happy when my parents sold my goat. After my aunt saw that I was sad she bought me another goat. My goat is black, it has a brown colour here, here it has a brown spot on its legs.



For further information contact:

Andrew Sitima
Zisize Educational Trust
andrew.sitima@gmail.com
+27 35 572 5500

Helen Meintjes
Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404

Web: www.childrenradioproject.ci.org.za